

SUBMISSION IDENTIFIERS:

Isihloko	Umbiko weBhodi LoLimi eNyuvesi YaKwaZulu-Natali 2016/2017
Umbhali neSikhundla sakhe	USolwazi (DVC: T&L (Ibamba); uSihlalo : iBhodi Lolimi) Dkt Langa Khumalo(uMqondisi: ULPDO)

UMLANDO WOKUGUNYAZA

Izakhiwo Ezithintiwe	Usuku	Umpumela
IBhodi LoLimi YeNyuvesi	28 June 2017	Wesekelwe
Izigele		

OKUQUKETHWE UMBHALO**Isiphakamiso**

Ukwazisa ngoMbiko weBhodi LoLimi YaseNyuvesi (ULB) (2016/2017) njengesimiso senqubomgomo.

Isisekelo

Umbiko WeBhodi LoLimi YeNyuvesi wezi-2016/2017 ungowesithupha walohlobo obhekiswe kuZigele ngokuhambisana neNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi olubeka ngokucacile ukuthi umbiko olimimbili kumele wethulwe kuZigele zeNyuvesi. Umbiko wokuqala, wesibili, wesithathu, wesine nowesihlanu wethulwa ngomhla ziyi-9 kuNhlaba 2012 , 21 kuNcwaba 2013, 20 kuNcwaba 2014 , 19 kuNcwaba 2015 nomhla wezi- 31 kuNcwaba 2016. Lo mbiko wamanje uhlanganise eminye imisebenzi nenqubekela phambili ye-ULB ekusebenziseni uhlelo LoLimi LweNyuvesi.

Ezezimali

Kubikiwe ngaphakathi kombiko.

Okuhambisana Nalokhu

Umbiko WeBhodi LoLimi YaseNyuvesi YaKwaZulu-Natali yonyaka wezi-2016/2017.

University of KwaZulu-Natal Language Board

Report for 2016/2017

Isingeniso

1. Isingeniso	3
Ubulungu beBhodi YoLimi YeNyuvesi	
2. IHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi.....	4
3. Ukusebenza KweNqubomgomo NoHlelo LoLimi.....	6
3.1. Ukwakhiwa KweKhophasi NokuThuthukiswa KwamaTemu.....	6
4. Ukwethulwa Kobuchwepheshe BoLimi	8
4.1. Umcimbi womhla we-10 November 2016	8
4.1. Ikhophasi KaZwelonkYesizulu :	9
4.2. Ibhange LamaTemu EsiZulu	9
4.3. Ubuchwepheshe Bokuhlola Ukupelwa Kwamagama;	9
4.4. Ubuchwepheshe Besizulu Bomakhalekhukhwini	10
4.5. <i>Inblamvu Yelanga</i> (UKZN Press)	10
4.6. Uhlu Lwamagama esiZulu-nesiNgisi Olunezithombe.	10
5 Imisebenzi Eenziwa i-ULPDO	10
6 Amaphrojekthi Axhaswe Ngezimali.....	11
7 Amaphrojekthi Axhaswe i-ULPDO.....	12
8 Uma Sibheka Phambili	13
9 Okushicilelwe	13

1. Isingeniso

IBhodi LoLimi YeNyuvesi isaqhubeka nokwengamela ukusetshenziswa kweNqubomgomo noHlelo LoLimi LweNyuvesi ngokususelwa kumimandela kasomqulu weNyuvesi. I-ULB iqapha futhi iphinde ihlole inqubekelephambili ekusetshenzisweni koHlelo LoLimi LweNyuvesi. Ihlinzeka iHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi, okuyilo elinomsebenzi wokuqinisekisa ukusebenza kweNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi, ngomhlahlandlela wokwenza umsebenzi walo. Kusukela ngonyaka wezi-2014 i-ULPDO ithuthukisa amatemu emikhakha ehlukene etholakala emakolishi wonke aseNyuvesi ukuze kwakhiwe uhlu lwamatemu olulimimbili lwesiZulu nesiNgisi. Kuze kube manje, i-ULPDO isithuthukise amatemu kulemikhakha elandelayo: Ezomumomzimba womuntu, Ezemidwebozakhiwo, Ezobuchwepheshe, Ezobelesesi, Ezemvelo, EzoMthetho, EzoLimi, Ezobuhlengikazi, Ifiziksi, Isifundngqondo, nezoCwaningo. I-ULPDO ithuthukise yaphinde yethula ngokusemthethweni ubuchwepheshe bamahhala bokusabalalisa lamatemu kubafundi, othisha kanye nomphakathi jikelele. Ubuchwepheshe obusebenzisa amaselula obubizwa nge-Zulu Lexicon (obusebenza ngamafoni ohlobo lwe-iPhone noma lwe-Android) nebhange lamatemu esiZulu i-isiZulu Term Bank <https://ukzntermbank.ukzn.ac.za>. Lokhu okubili kwakuyingxenye yosuku olukhulu lapho kwethulwa khona nencwadi yezindaba ezimfishane nohlu lwamatemu esiNgisi nesiZulu lokuqala omkhakha wezemiDwebozakhiwo onezithombe kuLwezi wonyaka wezi-2016. Ngenxa yalemisebenzi inyuvesi iklonyeliswe ngendondo ekhethekile yakwa-PanSALB ebizwa ngeNdondo yezeMfundo ngenxa yomsebenzi wokuhlelwa nokuthuthukiswa kolimi owenziwa yiNyuvesi kwezeMfundo.

Amalungu eBhodi YoLimi ngonyaka wezi-2016:


Solwazi R Vithal (uSihlalo)	IPhini LeSekelashansele: KwezokuFunda NokuFundisa
Dkt L Khumalo	Umqondisi: UkuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi
Dkt R Dhunpath	Umqondisi: Ukufunda Nokufundisa
Mnu. L Seshoka	Umqondisi Omkhulu: Kwezobudlelwano
Dkt S Chalufu (ibamba)	Umqondisi Omkhulu: Kwezabafundi
Mnu. B Poo	Ezokweseka Ukufunda
Solwazi D North	EzoLimo, EzobuNjiniyela NeSayensi
Dkt A Bengesai	EzoMthetho NokuPhatha
Mnu. K Zondi (ibamba)	EzoMthetho NokuPhatha
Nkz S Panday	Izifundo zezeMpilo
Nkz C Engelbrecht (ibamba)	Izifundo zezeMpilo
Nkz S Mathe	EzesiNtu
Mnu. M Mbatha	PanSALB
Dkt Z Nkosi	Ungoti KwezokuFunda
Dkt N Sibiya	Ungoti KwezokuFunda
Mnu. K Mngadi	Umxhumanisi wezoLimi
Mnu. S Mthethwa	Ilungu le-CSRC

I-ULB ibambe imihlangano emine ngonyaka wezi-2016. Le mihlangano ibe yingosi ebalulekile lapho kwakhiwa khona amasu nezinhlelo zokuhola ukusetshenziswa kweNqubomgomo noHlelo LoLimi ezingxenyeni zonke zenyuvesi. Lo mbiko ucacisa ngezinye izingqophamlando ezenziwe i-ULB njengengxenye yokusetshenziswa koHlelo LoLimi.

2. University Language Planning and Development Office (ULPDO)

IBhodi LoLimi YeNyuvesi iqapha futhi ihlole okuhlinzekelwe yiNqubomgomo YoLimi njengoba kumisiwe kusomqulu we-ULB. Uhlelo lokwenza isiZulu ulimi lwezifundiswa ukuze lugcine lulingana nolwesiNgesi ngokusetshenziswa kwezokuxhumana emazingeni aphezulu ezingxenyeni zonke zeNyuvesi, luqalwa i- ULPDO, futhi lubikwa kane ngonyaka emihlanganweni ye-ULB. Umunxa obalulekile wohlelo lolimi ngokugunyazwa kwe-ULB, ukwakhiwa kwamatemu emikhakha ehlukene, ukwakhiwa kwekhophasi yesiZulu, Kanye nokututhukiswa kwezincwadi zesimanje ezibhalwe ngolimi lwesiZulu. Okunye kwesiZulu okwenziwayo kuhlanganisa ukuqeqesha, ukuhlinzekwa kokuhumusha nokutolika, ukugqgquzelwa kolimi lwezimpawu, uhlelo i-Bua Le Nna, ucwaningo lwezolimi, nokuthuthukiswa kwezinsiza zamakhompyutha.

Isithombe. 1. Uhlelo Lolimi




Ngesikhathi esibukezwayo, kwenziwe umsebenzi wokucubungulisa nokugunyazwa kwamatemu emikhakha emihlanu ezoMthetho, ezobuChwepheshe, ezoCwaningo, Ezobulelesi nezeNgqondo. Wonke la matemu adlule ezigabeni ezisemthethweni eziwumgomo okungokubonisana, ukucubungulisa nokugunyaza. Kugunyazwe amatemu ayizi-2123 kusetshenziswa lezi zigaba ezibaluliwe.

I-ULPDO ibambe umhlangano wokucobelelana ngolwazi lokwakhiwa kwamatemu ngomhla lulu-1 kuya zi-2 kuMandulo 2016 e-UNITE Building, ekhempasini i-Howard College. Inhloso yomhlangano kwakuwukuqeqesha osozilimi, osomatemu nabacwaningi bolimi ngemigomo yenhlangano yomhlaba jikelele yokhakhiwa kwamatemu. Umhlangano wawuhanjelwe osozilimi, nababhali bezichazamazwi base-UKZN nase-DUT, osozilimi basemaphephandabeni nasemisakazweni (Ukhozi FM), KZN DAC, PanSALB noMasipala weTheku. Ongoti bemikhakha ehlukeni emaKolishi leziFundo zezeMpilo neKolishi lezesiNtu nabo babeyingxenywe yomhlangano. Umqeqeshi kwakunguSolwazi Bassey Antia waseNyuvesi Yase-Eastern Cape. USolwazi Antia ungasaziwayo emkhakheni wezolimi futhi ungumcwaningi ophambili kwezamatemu nokwakhiwa kwawo. Umhlangano waba yimpumelelo futhi nababewuhambele bazwakalisa ukweneliseka kakhulu ngababekuzuzile futhi bacela ukuthi ihhovisi liyibambe njalo imihlangano yalolu hlobo.

Ngokuhambisana nempokophelo ebalulwe yiNqubomgomo YoLimi YeNyuvesi, i-ULPDO ibambisene ne-PanSALB babambe umhlangano wokucobelelana ngolwazi lokukhuluma ulimi lwezimpawu obubanjelwe esiteshini samaphoyisa i-CR Swart Police Station eThekwini. Inhloso yalomhlangano bekuwukufundisa abantu ngokubaluleka kolimi lwezimpawu nokuthi umphakathi ungaxhumana kanjani nabantu abangezwa. Lo mcimbi bewubungaza uLimi LwaseNingizimu Afrika Lwezimpawu oluyilungelo labantu abangezwa futhi oluvikelwe uMthethosisekelo waseNingizimu Afrika. Kwakuqeqeshwa amaphoyisa ukuze akwazi ukusebenzisa ulimi lwezimpawu uma esebenza namalungu omphakathi angezwa ukuze bakwazi ukubika izehlakalo ababhekana nazo emiphakathini. Umhlangano waba yimpumelelo enkulu futhi amaphoyisa abika ukuthi azuze lukhulu kuwo futhi acela nokuthi kube umkhankaso owenziwa minyaka yonke eminyangweni yawo. Umhlangano wavulwa ngokusemthethweni onguMphathi wehhovisi laKwaZulu-Natali le-PanSALB wavula.

Kubalulekile ukuthi kugcizelelwe enye yezinhlosongqangi zeNqubomgomo Yolimi YeNyuvesi (2006 eyabukezwa ngonyaka wezi-2014), okunguku “[...] londoloza nokugqugquzela ukuhlonishwa nokukhulunywa okusezingeni eliphezulu kwezilimi ezibalulwe kuMthethosisekelo kanye nezinye izilimi okuhlanganise nezilimi zomdabu ezidlulisa izinto ezibalulekile ezimayelana namasiko, ezomnotho nezesayensi [...]”. Lokhu kubaluleke kakhulu ukuze kulethwe ubumbano ngenhlalo emphakathini waseNyuvesi. Kungenxa yalokhu okwabangela ukuthi i-ULPDO iqale uhlelo lwe-bua le nna (Let’s Talk) ngonyaka wezi-2014. Lolu hlelo luqalwe ngokubambisana nehovisi lomqondisi olawulayo wezabafundi ngokusebenzisa abangabagqugquzeli bolimi nabasebenzi base-ULPDO. Lombiko ushucilelwe sekubanjwe imihlangano ye-*Bua le Nna* eyi-16 ezindaweni zokuhlala abafundi i-Ansell May nase-John Bews.


UKUQOQWA KWEKHOPHASI KUSUKELA ZIYI-2014 -2017



3.2 Ukuthuthukiswa Kwamatemu

Njengoba bekushiwo ekuqaleni, ukuthuthukiswa kwamatemu nakho kungenye yezinto ezibalulekile ezenziwa yi-ULPDO. Isithombe 4 ngezansi sikhombisa uhlelo lonke lokuthuthukiswa kwamatemu kusukela ekuqoqweni kwamatemu kudlule kuzo zonke izigaba ezisemthethweni kuze kufike ekusetshenzisweni kwawo umphakathi.

Isithombe 4. Uhlelo lokuthuthukiswa kwamatemu



Ngokuhambisana nemithetho ebekiwe yokuthuthukiswa kwamatemu, i-ULPDO isebenza ngokubambisana ne-PanSALB njekobeka komthetho, seyibambe imihlangano yokwakha amatemu eyimpumelelo. Kubanjwe imihlangano eyi-10, le mihlangano ikhiqize amatemu angama-2123 asegunyaziwe futhi aseqalile ukusatshalaliswa futhi aseqalile nokusetshenziswa emikakheni ehlukene. Imikhakha ephothuliwe yilena ezoMthetho, ezobuChwepheshe, ezoCwaningo, nesiFundongqondo. Itebhula 1 ngezansi likhombisa amatemu aphothuliwe esikhathini esibuyekwezwayo ngokwemikhakha

Itebhula 1 asetshenzizwe

Inombolo	Umkhakha	Amatemu Athuthukisiwe	Amatemu Acutshunguliwe	Amatemu Agunyaziwe	Amatemu Asele	RAG
1.	Amatemu EzobuChwepheshe	146	146	147	0	
2.	Amatemu Ezifundo Ngobulelesi	486	486	486	0	
3.	Amatemu EzoMthetho	496	496	496	0	
4.	Amatemu EzeNgqondo	500	500	500	0	
5.	Amatemu Ocwaningo	494	494	494	0	
	Total	2122	2122	2123	0	

4. Ukwethulwa Kobuchwebeshe BoLimi

4.1. Umcimbi womhla ziyi-10 kuLwezi 2016

IHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi lihlele umcimbi oyingqophamlendo lapho bekuthulwa khona ngokusemthethweni ubuchwepheshe bolimi lwesizulu nezincwadi ezimbili, emcimbini obusehhotela i-Hilton eThekwini. Lo mcimbi wavulwa onguSekelashansela noMphathi uDkt Albert van Jaarsveld. Evula lo mcimbi uSekelashansela wagcizelela ukubaluleka kolimi nomsebenzi onzima wokulondoloza izilimi zomdabu. Waphinde wabalula kokunye ukuzibophezela kweNyuvesi ekuthuthukisweni kolimi lwesiZulu ngokusetshenziswa ngokucophelela kweNqubomgomo noHlelo LoLimi. Kulo mcimbi kwethulwa ngokusemthethweni incwadi yezindaba ezimfishane *Inblamvu Yelanga* okungumphumela womncintiswano wokubhala owaqalwa IBhodi LoLimi YeNyuvesi wahlelwa futhi waphathwa i-ULPDO. Leli qoqo lezindaba ezimfishane lakhiwe yizindaba ezingama-20 ezadla umhlanganiso emncintiswanweni. Ababhali abaphumelele, ababhale isigaba ngamunye encwadini *Inblamvu Yelanga*, bonke bahlomula ngomklomelo nencwadi umuntu ngamunye

Izikhulumi zosuku kwakunguShansela wesikhungo uDkt Zweli Mkhize, noSolwazi Ramesh Krishnamurthy, owungoti emkhakheni Wekhophasi e-Ashton University e-United Kingdom. UDkt Mkhize wethule inkulumo yakhe ngokuthuthukiswa kwezilimi zomdabu ukuba zibe yizilimi zezifundiswa kwezemfundo ephakeme. Lapho

egcizelele khona isidingo sokusetshenziswa kwezilimi zase-Afrika uma kufundwa noma kufundwa ezikoleni nasezikhungweni zemfundo ephakeme. Wancoma i-UKZN ngosekwenziwe okuthuthukisa ulimi lwesizulu.

Ungoti womhlaba kwezeKhophasi uSolwazi Ramesh Krishnamurthy wase-Ashton University e-United Kingdom ugcizelele iqhaza lekhophasi ekuthuthukisweni kwezilimi zabantu futhi wachaza nokuthi ibaluleke kakhulu ekuthuthukisweni kobuchwepheshe bolimi lwabantu. Ukhulume ngolimi nokukhuluma njengokuvezwa yikhophasi njengezinto ezenziwa abantu nokuthi ukucwaninga ikhophasi kunomthelela oyisayensi ehlanganisa imikhakha ehlukeni. Ngakho-ke ukuthuthukiswa kwekhophasi kazwelonke yesiZulu kuyisinyathelo esibalulekile kakhulu. UMphathi Omkhulu we-Pan South African Language Board uDkt Mpho Monareng ubengomunye wezicukuchwane ebezimenyiwe kulo mcimbi okhulme ngokubaluleka kokuthuthukisa izilimu zomdabu eNingizimu Afrika.

Ubuchwepheshe besizulu obethulwe kulo mcimbi buvulelekile kuwonke-wonke ngoba kuhloswe ukulekelela abafundi nothisha besiZulu nabanye abasebenzisa ulimi lwesiZulu. Ziyinkomba yokuzibophezela kweNyuvesi ekuthuthukiseni isiZulu njengolimi lwezifundiswa. Ubuchwepheshe obabethulwa buhlanganisa lokhu okulandelayo:

4.1. Ikhophasi KaZwelonke YesiZulu (INC):

Njengoba kubekiwe ngenhla, i-INC ingenye yamakhophasi ezilimi zase-Afrika amakhulu njengoba inamagama angama-22 wezigidi akhombisa ubuhlakani balolu limi. Le nsiza ilekelela noma ubani emhlabeni jikelele ukuthi akwazi ukufunda isiZulu njengolimi nobucayi balo. I-INC itholakala mahhala kuledilesi ye-inthanethi: <https://iznc.ukzn.ac.za/>.

4.2. Ibhange Lamatemu EsiZulu;

Ibhange lamatemu esizulu liyinsiza eyakhelwe ukuthi kutholakale amatemu esiZulu emikhakha ehlukeni njengowomumomzimba womuntu, imidwebozakhiwo, umthetho, ubuhlungikazi, ifiziksi njl Le nsiza isathuthukiswa lapho kusabhekwe ukuthi kwengezwe kufakwe neminye imikhakha. Ibhange lamatemu esizulu litholakala mahhala lapha: <https://ukzntermbank.ukzn.ac.za>. Le nsiza ineminye imisebenzi engaba lusizo uma kucwaningwa isiZulu nokusetshenziswa kwamatemu amasha.

4.3. Ubuchwepheshe Bokuhlola Ukupelwa Kwamagama EsiZulu;

Leli thuluzi liwusizo kakhulu uma kuhlolisiswa umsebenzi wolimi. Ukusetshenziswa kwekhophasi yesiZulu kazwelonke ukuze kuqeqeshwe le nsiza kuhambisana nemizamo yenyuvesi yokufundisa izifundo zesiZulu futhi kuzohambisana nomsebenzi wabahleli bamaphephandaba nezincwadi ukuze bahlole umsebenzi wabo obhalwe ngolimi lwesiZulu. Leli thuluzi linesilinganisozinga sokubona amagama angapelekile ngendlela esifinyelela kuma-90%, futhi litholakala mahhala lapha: <https://ulpdo.ukzn.ac.za>.

4.4. Ubuchwepheshe Bamaselula i-Zulu Lexicon (Android, iPhone).

Lobu buchwepheshe buyafana nebhange lamatemu kodwa elenzelwe amaselula. Butholakala mahhala futhi ukwakhiwa kwakho kwenzelwe ukusabalalisa amatemu emikhakha ehlukeni kubantu abawasebenzisayo. I-ULPDO yethule uhlelo lokuthi lobu buchwepheshe butholakale noma yinini ukuze ababasebenzisayo babusebenzise noma yinini. I-ULPDO isebenzise ubuchwepheshe ngendlela eyenza ngcono ukufinyeleleka nokusebenza kwalobu buchwepheshe. Lobu buchwepheshe bubizwa nge- Zulu Lexicon App, lapho kufingqwe igama elithi-*isiZulu Lexicon*. Inikeza ithuba kubafundi nabanye lokuthi bakwazi ukuthola amatemu asegunyaziwe emikhakha ehlukeni besebenzisa izinsiza zokuthungatha amagama ezingesiNgesi nesiZulu. Futhi nemibhalo emibili elandelayo eshicilelwe yi-UKZN Press yethulwa njengengxenywe yemisebenzi eyenziwayo yokuthuthukisa ulimi lwesiZulu njengolimi lwezifundiswa.

4.5. *Inhlamvu Yelanga* (UKZN Press)

Leli qoqo lezindaba ezimfishane lihlanganise ubuciko bababhali abasebasha Kanye nasebenamava ekubhaleni ngesiZulu. Lingumphumela womncintiswano owawuhlongozwe yiBhodi LoLimi yeNyuvesi wahlelwa i-ULPDO okwakhloswe ukuthi kugqugquzelwe ukubhala ngesiZulu ngokubheka izindaba ezisematheni emphakathini. I-ULPDO yathola imingenelo engama-110 yababhali besiZulu ezweni lonke. Ithimba labahluleli elalihlanganise izifundiswa, ababhali nabezindaba bahlangana bahlulela imingenelo lapho bakhetha eyayihamba phambili efanele ukushicilelwa. Lezi zindaba ezingama-20 ezishicilelwe lapha kule ncwadi zikhangisa ngekhono lokubhala labantu abakhuluma isiZulu.

4.6. Uhlumagama lwesiNgesi nesiZulu olunezithombe.

I-ULPDO ithuthukisa imiqingo yamatemu azilimimbili (esiNgesi-nesiZulu) emikhakha ehlukeni. Lo mqingo wokuqala ochungechungeni ungowomkhakha wezemidwebozakhiwo futhi unezithombe. Izithombe zibaluleke kakhulu kulo mkhakha. Ngale ncwadi sekunensizakufunda esebenzisa isiZulu nesiNgesi. IHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi lisebenza kanzima ekuthuthukiseni isiZulu ukuze sibe ulimi lokufunda nokufundisa. Ngokwakha izinsiza ezifana nalezi.

5 Okwenziwa Yi-ULPDO

Njengoba kwakubikiwe embikweni weZigele wesi-5, i-ULPDO iyaqhubeka ngokwenza umsebenzi wokuhumusha, ukutolika nokuhlela imibhalo eNyuvesi yonke uma kunesicelo. Esesikwenzile kulesi sikhathi yilokhu:

- Izicelo Zokugunyaza Ucwaningo; iSikole SezeMfundo – (isiNgisi –isiZulu)
- Ikolishi LezesiNtu - Izimemezelo Ngosuku Lokwethweswa Kweziqhu
- Amaqoqa e-PhD (eKhemistri, ezokuFunda nokuFundisa, iMayikhrobhayoloji)
- Amafomu Okugunyaza – Isayensi Yolimi
- Okuyizaziso Eziya Emisakazweni (Ezobudlelwane)
- Ezolwazi Lwendabuko – Umbiko Wekomidi LePhalamende
- Ezolwazi Lwendabuko – Incwajana Yohlelo
- Imibhalo YeKomidi Yenqubonhle YezoKwelashwa Kokuphilayo
- Izivumelwano zokusebenzisana – Umnyango Wezifundo ZobuHlengikazi
- Umbhalo wezokunyakaza Komzimba
- Imibhalo – Umnyango WezesiKhumba
- Amaqoqa ezingqungquthela
- Umlando WeSekelashansela – Ukwethulwa Kwesizindalwazi SeNyuvesi
- Isifundo Saminyakayonke sika-J L Dube
- Imibhalo ye-Indaba Online
- Imibhalo Yezinhlelo ze-ULPDO
- Imibhalo ye-ULPDO nebhalelwe amaphephandaba
- Ezolwazi Lwendabuko: Isendlalelo Sencwadi YezokuVakasha Yemisho YesiZulu
- Ibhange Lamatemu

Kuhlinzekwe ngokutolika kule micimbi elandelayo:

- Ukwethulwa Kwezincwadi Nobuchwepheshe Bolimi Lwabantu (ULPDO)
- Isifundo esiyisikhumbuzo sikaJ L Dube
- Inggqungquthela ye-BRICS IKS
- Ukuqeqeshwa Kwabamele Abasebenzi Ngokufakwa Kwezikhalo
- ISimpoziyamu Yezokuqashelwa kokufunda Kwabafundi 2016

6 Amaprojekthi Axhasiwe

I-ULB isaqhubeka nokuhlinzeka ngezimali othisha nabacwaningi abanesifiso sokubamba iqhaza ekuthuthukisweni kwesiZulu ngokuqala imisebenzi eyahlukene emikhakheni yabo. Ngonyaka wezi-2016 i- ULPDO ixhase ngezimali isaveyi eyenziwe inyuvesi yonke ngemali engama- R200 000. Le saveyi yayiholwa uSolwazi Delia North futhi seyisemaphethelweni. Inhlalo yesaveyi ukuhlola ukuthi umphakathi wasenyuvesi unolwazi kangakanani ngenqubomgomo nohlelo lolimi lwenyuvesi kubafundi, abasebenzi (abafundisayo nabangafundisi) ukuze kubonakale okumele kwenziwe ukuze le nqubomgomo isebenze ngokufanele ekufezeni izinjongo zenqubomgomo nohlelo lolimi. Ngonyaka wezi-2017 i-ULB yaxhasa uhlelo lwe-IsiZulu Computer Driver’s License Project emkhakheni wezobuchwepheshe. Lo msebenzi uxhaswe ngemali engama-R86 400.

Imisebenzi ehlukene exhaswe i-ULB in 2013/2014 emaKolishi womane, iKolishi LezesiNtu, ElezoMthetho NokuPhatha, EleziFundo ZezMpilo nelezoLimo, ubuNjiniyela neSayensi asaqhubeka nemisebenzi yawo kahle kakhulu. Imali eyi-R1, 021, 880 ihlinzekelwe le misebenzi. Njengoba kwakubikiwe embikweni (2014/2015) i-ULPDO isaqhubeka nokuthola imibiko ebhalwe abaholi bemisebenzi ngokuqhubekayo.

7 Amaprojekthi Axhaswe Yi-ULPDO

Itebhula 2. 2013-2017 imisebenzi exhaswe

Unyaka	Isibongo	Isikole/Ikolishi	Isihloko Somsebenzi	Imali Egunyaziwe
2013	Buthlezi	ezeziNtu	Ukuthuthukiswa kwamatemu omkhakha azosetshenziswa abasebenza ngenqondo	R 90 000.00
2013	Christiansen	ezeziNtu	Imidlalo Yokufundisa isiZulu	R 70 000.00
2013	Frescura	Humanities	Isichazamazwi EsineziThombe Samatemu AseNingizimu Afrika Emidwebozakhiwo	R 50 000.00
2013	Modi	AES	Imisebenzi enhlobonhlobo ehlanganise nezifundokubukeza zesiZulu. Ukufundisakubukeza ngesiZulu kwi-AES.	R 730 000.00
2013	Keet	AES	I-COMMUTERM	R 56 880.00
2013	Mathews	ezeMpilo	Amavidiyo amafishane	R 25 000.00
2014	Modi	AES	Ukuhunyushwa NgesiZulu Kwebhukwana Lemithetho YeKolishi i-AES	R 80 000.00
2014	Bengesai	LMS	Ukuhunyushwa NgesiZulu kwebhukwana Lemithetho YeKolishi i-LMS	R 80 000.00
2016	North	LMS	Isaveyi YoLimi	R 200 000.00
2017	Vorster	AES	Izincwadi zokushayela	R 86400.00
Ithothali				R 1 468 280.00

8 Uma Sibheka Ikusasa

I-ULB izoqhubeka nokuqapha ubuchwepheshe bolimi lwabantu nokusebenza kwabo ekufezweni kwezinhloso zeNyuvesi kwezokufunda Nokufundisa. I-ULB inesifiso sokuzisabalalisa lezi zinsiza kubafundi nothisha ukuze bafinyelele olwazini lwezemfundo emikhakheni ehlukeni.

I-ULB izokwenza imizamo yesikhashana yokukhulisa umsebenzi i- Bua Le Nna (LetsTalk) ungene nakwamanye amakhempasi. I-ULPDO iyakhuthazwa ukuba isebenzisane ngokubambisana noMqondisi Omkhulu KwezabaFundi ngalo msebenzi.

I-ULB izothola umbiko ngesaveyi ekubikwe ngayo ngenhla ungakapheli lo nyaka. Lo mbiko uzohlala indlela okumele ilandelwe ekuqhamukeni nohlelosu lwenqubomgomo yolimi. Kulo nyaka i- ULB izothola umbiko ngokuhlelwa nokubanjwa kweSimpoziyamu YezoCwaningo LwezoLimi eyagcina ukubanjwa kuMfumfu 2015.

9 Okushicilelwe

Okushicilelwe ngonyaka wezi-2016 yilokhu:

- 1) Keet, C.M., **Khumalo, L.** 2017. Toward a knowledge-to-text controlled natural language of isiZulu. *Language Resources and Evaluation*, 51(1): 131-157.
- 2) **Khumalo, L.** 2017. Intellectualization through terminology development. *Lexikos* 27 (Accepted).
- 3) Keet, C.M., **Khumalo, L.** 2017. Evaluation of the effects of a spellchecker on the intellectualization of isiZulu. *Alternations*. (Accepted).
- 4) Keet, C.M., **Khumalo, L.** 2016. On the verbalization patterns of part-whole relations in isiZulu. 9th International Natural Language Generation conference (INLG'16), 5-8 September, 2016, Edinburgh, UK. Association for Computational Linguistics, 174-183.
- 5) Byamugisha, J., Keet, C.M. & **Khumalo, L.** 2016. Pluralising Nouns in isiZulu and Related Languages. Proceedings of the 17th International Conference on Intelligent Text Processing and Computational Linguistics (CICLing 2016). Springer LNCS Series. Konya, Turkey.
- 6) Keet, C.M. & **Khumalo, L.** 2016. Grammar rules for the isiZulu complex verb. *Journal of Southern African Linguistics & Applied Language Studies* (Accepted).
- 7) **Khumalo, L.** 2016. Disrupting Language Hegemony: Intellectualizing African Languages. In Samuel, M., Dhunpath, R., and Amin, N. *A critical response to curriculum reform in higher education: Undoing cognitive damage*. Sense Publishers, 247-263.
- 8) Ndaba, B., Hussein, S., Keet, C.M. & **Khumalo, L.** 2016. The effects of a Corpus on isiZulu Spellcheckers based on N-grams. Proceedings of the IST-Africa 2016 Conference. Durban. South Africa.